*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Kumele kube nothingo lwenkosazana*
*(There Must be a Rainbow)*
Illustrated by Sinomonde Ngwane
Written by Nerissa Govender
Designed by Thulisizwe Mamba
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Durban on 7 November 2015.

ISBN: 978-1-928377-54-2

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

KweloMbuso wamaZulu kunendawo enhle kakhulu okuthiwa kuseSigodini.



there-must-be-a-rainbow_interior.indd 6 2021/01/19 08:19

Intombazanyana enguJabulile ihlala lapha. UJabulile wayehlale ejabulile. Wayehlale elangazelele ukwazi izinto futhi ebuza imibuzo eminingi ngempilo. Konke kwakumthokozisa nje uma ekucabanga.

Uyise kaJabulile wayelima ummbila. Unina wayenguthisha. Bamfundisa ukuthi aphuphe okukhulu. Iphupho elikhulu likaJabulile kwakungukusiza abantu.



there-must-be-a-rainbow_interior.indd 10 2021/01/19 08:19

Wonke umuntu kulo muzi wayengumngani kaJabulile, ikakhulukazi abantu abadala. Babemfundisa ngamadoda nabesifazane abake baphila eSigodini. NoJabulile wayethanda ukuhlakanipha.



Ngolunye usuku olwesabekayo, lahloma eSigodini. Lagqunqa izulu laba mnyama. Kwahlasela isiphepho esikhulu ezweni.



there-must-be-a-rainbow_interior.indd 14 2021/01/19 08:19

Umoya omkhulu wavunguza waphephula uphahla lwamaqhugwane. Zonke izilwane zapheshukelwa yizindlwana zazo. Lolu kwaba wusuku oludabukisa kakhulu.



there-must-be-a-rainbow_interior.indd 16 2021/01/19 08:19

Izakhamuzi zakhala, “Sizokwenzenjani manje bakithi?” “Zonke izitshalo zonakele!” kubalisa abalimi. “Amakhaya ethu aphephukile!” kusho abadala. Bonke base bephelelwe yithemba.

UJabulile wakhumbula amazwi awatshelwa nguyise ohlakaniphile ngelinye ilanga.



UJabulile waqala wakhuluma nezakhamuzi. "Isiphepho sisihlukumezile," kusho uJabulile, "ngenxa yendlela esikhetha ukulubheka ngayo udaba lwaso. Kodwa uma nibheka phezulu, ilanga seliyakhanya futhi. Sekuwusuku olusha. Ngemuva kwesiphepho, kumele kube nothingo lwenkosazana!"



Khona manjalo kwavela uthingo lwenkosazana oluhle esibhakabhakeni.



there-must-be-a-rainbow_interior.indd 22 2021/01/19 08:19

Izakhamuzi zalubona uthingo lwenkosazana maqede zamoyizela. Lwama njengophawu lwesethembiso sokuthi isiphepho sesedlulile.



there-must-be-a-rainbow_interior.indd 24 2021/01/19 08:19

Izakhamuzi zakha kabusha imizi yazo.
Abalimi batshala izitshalo ezintsha.
Utshani baba luhlaza kunakuqala.



there-must-be-a-rainbow_interior.indd 26 2021/01/19 08:19

Kwaphinda kwagcwala ithemba
nenjabulo enkulu eSigodini.

there-must-be-a-rainbow_interior.indd 28 2021/01/19 08:19

